PARLIAMENT

OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# ZWAKALISA UVO LWAKHO

## UMTHETHOSIVIVINYWA KAZWELONKE WOKUCHIBIYELA EZOMLILO WAMADLELO NAMAHLATHI [B 24 – 2021]

IKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke lezeMvelo ezamaHlathi nezokuDoba limema abanentshisekelo nababambe iqhaza ukuba bethumele izethulo ezibhalwe phansi mayelana **noMthethosivivinywa kaZwelonke wokuChibiyela ezoMlilo wamadlelo namaHlathi [B24 – 2021].**

Lo Mthethosivivinywa uhlose ukuchibiyela uMthetho kaZwelonke wezoMlilo wamaDlelo namaHlathi, we-1998, ukuze uchibiyele futhi ufake izincazelo ezithile, ukuhlinzekela ukusungulwa kwezinhlangano zokuvikela umlilo ngumasipala noma umkhandlu womdabu, ukuphoqa umasipala, izinkampani zikahulumeni, inhlangano yomphakathi noma olunye uhlaka lukahulumeni oluphethe umhlaba ukuthi lujoyine izinhlangano zokuvikela umlilo, ukwelula amandla okungena, ukusesha, ukushaqa impahla kanye nokubopha izikhulu zokuthula kanye nabaholi bomdabu, ukuchibiyela isihloko soMthetho kuMthetho Kazwelonke Wemililo Yamadlelo; kanye nokuhlinzekela udaba oluhlobene nalokhu.

**Izethulo ezibhalwe phansi zingathunyelwa nge-imeyili kuNksz Tyhileka Madubela ku:veldandforestfirebill@parliament.gov.za ungakadluli uLwesihlanu, ziyi-18 kuNdasa/Mashi wezi-2022.**

Uma phezu kwezethulo ezibhalwe phansi unesifiso sokwenza izethulo ngomlomo, sicela usazise.

Imibuzo nokuthola amakhophi oMthethosivivinywa, sicela uxhumane no Nksz T Madubela ocingweni kwinombolo yeselula: 083 709 8401; i-imeyili veldandforestfirebill@parliament.gov.za noma uvakashele iwebhusayithi yasePhalamende ku www.parliament.gov.za

**Sikhishwe uNksz AF Muthambi, ILungu lePhalamende, USihlalo weKomidi lesiShayamthetho sikZwelonke lezeMvelo, amaHlathi nokuDoba.**

**Parliament – Following up on our commitments to the People – Making your future work better**